Ukubeka Imingcele

Unabangane bobulili obuhlukile futhi akukubi lokho. Kodwa izinkinga zizovela uma ungakakulungeli ukuba nomuntu othandana naye kodwa uthumela izimpawu ungahlosile komunye wabo zokuthi ufisa okungaphezu kobungane. Ungakugwema kanjani lokho?

Isihluthulelo siwukubeka imingcele. Ukuze ukwazi ukukwenza lokho, cabanga ngezibonelo ezingokoqobo zabathile bese uphendula imibuzo elandelayo.

OKWENZEKA NGEMPELA

“Wacabanga ukuthi ngase ngiwushintshile umqondo”

Insizwa ebizwa ngoJason yayinobungane obuseduze nentombazane ethile. Uthi: “Savumelana ngokuthi akekho owayenesifiso sothando phakathi kwethu.” Nokho, uJason waqhubeka eyithumelela imiyalezo futhi ehlale efuna amathuba okuchitha isikhathi nayo le ntombazane. Uyavuma: “Lokho kwaba yiphutha. Yacabanga ukuthi ngase ngiwushintshile umqondo futhi sengifuna sithandane.”

Nakuba babexoxile ngobudlelwane babo, kungani intombazane yacabanga ukuthi uJason wayeseyeshela?

_____

_____

_____

_____

Yimiphi imingcele eyayingabekwa uJason ukuze avikele ubungane babo *ngaphandle* kokuthumela izimpawu zothando?

_____

_____

_____

_____

“Uma intombazane isiqala ‘ukuthanda’ zonke izithombe zami ezisezingosini zokuxhumana, ngivele ngicabange ukuthi ifuna sithandane.”—USteven.

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

OKWENZEKA NGEMPELA

“Wathi ngidlale ngemizwa yakhe”

U-Annette nomunye umfana baqala ukuxoxa. Uyavuma manje: “Kwakungale kwalokho okwakufanele. Ngangicabanga ukuthi ungumngane okahle. Sasichitha isikhathi esiningi ndawonye, kodwa ngangingenaso isifiso sothando ngaye. Ngangizitshela ukuthi naye akanaso isifiso sothando ngami. Ngemva kwesikhathi, wangibuza ukuthi ngingathanda yini ukuthandana naye. Lapho ngimtshela ukuthi ngimbheka njengomngane nje, waphatheka kabi. Wathi ngidlale ngemizwa yakhe futhi ngangikwazi kahle engangikwenza.”

Ucabanga ukuthi umfana wayenesizathu esizwakalayo sokucabanga ukuthi u-Annette wayenesifiso sothando ngaye? Kungani?

Yimiphi imingcele eyayingabekwa u-Annette ukuze agweme lesi simo?

“Kunenkulumo ethi: ‘Lokho okuvumelayo yilokho okuyoqhubeka.’ Akukhona nje ukuthumela izimpawu okungezona okungenza umuntu aphethe ngokuthi unesifiso sothando, ngezinye izikhathi ukuvumela umuntu alokhu ekweshela nakho kungamenza aphethe kanjalo.”—UKaren.

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

OKWENZEKA NGEMPELA

“Sasingahlukani”

URachel wayethola izimpawu ayezitshela ukuthi ezothando kumfana othile. Uthi: “Wonke umuntu wayebona ukuthi sasingahlukani. Ngesinye isikhathi wake wangigaxa kwaphela ama-*minute* amaningana nje. Ngazitshela ukuthi uyangithanda—kodwa lapho sengimbuza ngobudlelwane bethu, wangitshela ukuthi ungibheka njengomngane nje kuphela!”

Ingabe uRachel wayenaso isizathu sokucabanga ukuthi umfana wayefuna okungaphezu kobungane? Kungani?

Yimiphi imingcele umfana ayengayibeka ukuze agweme ukudlulisela izimpawu zokuthi wayefuna okungaphezu kobungane?

“Ukunakwa othile wobulili obuhlukile kungakwenza uzizwe ubalulekile futhi ungakuvumela ukunakwa okunjalo kuqhubeke ukuze nje uzizwe ungcono. Kodwa kuwukuvuthwa ukubeka imizwa yabanye kuqala kuneyakho nokugwema ukuzwisa abanye ubuhlungu.” —UBrittany.

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania